
AP1974_1_2_23

ILANGA
23 FEB 1974

# OKUBONWA UMAHLATHI



UMUNTU kafi aphele. Lenkulumo ngiyifumanise ngelinye iSonto Kwa Mashu lapho bengibizwe khona uMongameli weBandla leSonto elaqaliswa uMfundisi P. Lamula.

Ngijabulile lapho ngihlezi phansi, evunule econsa amakholwa ase-United Church (Lutheran.) Ngoba isicelo seza kimi sathi kwiProgramme, uMr. A. W. G. Champion umholi weSizwe.

Ngithe lapho sengilungisa inkulumo yami ngazibuza ngathi ukuthini ukuthi abantu ngingabazi bathi lapho bengimema bathi ngokhuluma mina ngoba ngingumholi weSizwe? Abazange bangibize nangelinye ilanga eminyakeni eminingi engaphezulu kwamashumi amane, laqala leli ihlelo elazehlukanina nalelo elaliphethwe abaMhlophe, kodwa laphinde langenwa umkhuhlane ovamileyo wokuthi, kuphinde kubangwe izikhundla.

Umuntu kafi aphele. Ngicabange lokho lapho uMongameli, ingabe wayengakanani esekhuluma ngemisebenzi yami engayenzayo ngifika lapha ko-1925 — 26.

Uthi lomholi waphendula inhlalo yomuntu omnyama kuleli ilizwe. Uthi abantu babehlupheka. Uthi wayengumhlobo kaMfundisi Lamula owaqalisa leli ihlelo ngoba kwafika ukungezwani phakathi kwabeLungu noMfundisi Lamula.

Washo eyibala imisebenzi yami ukubulala imithetho eyayikhalisa ngaleso sikhathi waze wabala nomthetho owake waphatha yena kabi uMongameli H. Khuzwayo. Ukonelwa ipasi lakho umLungu osebenza kuyena. Alone qede ipasi lakho uphelelwe indawo yokusebenza lapha eThekwini.

Uthi yena wake wasizwa umLungu owayenolaka owamsebenzisa esonelwe yipasi.

Wathi uyajabula ukubona mina ngoba ngangingumhlobo kaMfundisi Lamula. Ufisa sengathi singabonana ezulwini uma nami sengigodukile.

Wangisukumisa ngingakakhulumi wathi uyacela kengisukume inhlangano yeSonto ingibone.

Yebo, ngasukuma ngathi 'Nangu Mahlathi. Ngizile nizongibuka nize nikhathale sengikhuluma.

Walanda loMongameli, akhuluma ebonakalisa ukuthi lomhlangano mkhulu ngoba abantu baphuma kude nabefundisi babo. Kusukela eJohannesburg, kudlule eBargville kuze koshaya kwaNongoma lapho kwakugxile khona uMongameli P. Mkize.

Likhulu lelibandla le-United National Church (Lutheran). Bengiqalisa ngizwe uMfundisi engincoma kanjena phambi kwabantu bakhe. Ngimangele ngoba bakhona abangibuka ngamehlo ezinkophe.

Ngikhumbula namhlazane kungcwatshwa indodakazi kaMfundisi Lamula yamazibulo evayigane kwaKhumalo. Yona yayingevebandla leAmerican Board okwasekuthiwa Bantu Congregational Church..

Lenkosikazi yayiphethe isitolo somyeni wayo uMr. Martin Khumalo. Abantu babeyithanda kakhulu ngokuthi inesihawu lapho umuntu ezozikhalela ngokulamba.

Ngafika endlini yeSonto uMfundisi ophetheyo wangibiza ukuba ngikhulume. ngakhuluma ngokuyazi kwami, ikhula ize ithole umuzi.

Ngakhuluma ngokuthi bayakhala abantu ngoba ngizwe omunye wabesifazane eThekwini ekhala ethi bazohlupheka.

Ngadumala lapho sengihlezi phansi loMfundisi esebuyekeza inkulumo yami eyithela amanzi abandayo.

Uthi sizwile amazwi omnumzane lona ohlala phansi. Kodwa ngithanda ukumtshela ukuthi konke loku akade eyincoma ngako ukuba ibingevona inkosikazi yebandla ngabe asiyingenisanga lapha endlini. Akusho lutho ukuba umuntu wesitolo, nokusiza abantu labo.

Ngambuka ngingaqali ukubona abefundisi abafana naye. Kodwa umuntu ofundileyo kangakho akhulume into enjena? Yibona abefundisi abanjengalowo abaxosha intsha efundileyo ezindlini zamasonto. Kodwa abazenzi benziwa ukuzalwa emaphandleni, bese behluleka ukuphatha izifundiswa.

Hamba uye eziMission zakithi ngeke ubabone abafundile njengalabaya engibabone lapha.

Bebezile abantu abasha izintombi nezinsizwa. Kwasukuma iChoir lahlabelela ngezwa kushwaqa unwele kimina. Ngabe lisekhona ikwaya elinjena kini makholwa azalwa ngoNonhlevu? Angigxeki kodwa ngiyabuza lapho kunezinkulumo ezifana nalena ekade ngiyibika eyakhulunywa kimina kungcwatshwa umqalisi walelibandla.

Ngasho ngaphinda ngathi umuntu kafi aphele ngoba liyasala igama lakhe ungunaphakade. Uma wayelungile koshiwo njalo ukuthi wayelungile. Uma wayengalungile wokhunjulwa ngokungalungi kwakhe. Uma wayenemisebenzi emihle encomekayo kohlala njalo kukhona abantu beNkosi abafana noMongameli Khuzwayo abayotshela nezingane ukuthi kwakukhona oMfundisi P. Lamula, kukhona oMr. Champion, kukhona oMfundisi P. Mkize.

Kazi wena bokukhumbula ngani sithandwa?

Ngisukile ngabonga amazwi okungimema. Ngathi loMongameli usephendulile ebekungihlupha enhliziyweni ukuthi ngimenyelweni? Ngathi kodwa ungiphathe kabi ngoba kabange esangihlebela ukuthi ungazelaphi, kanti uyangazi impela ngoba wangibona ngisemusha ngisemuhle ngisengumholi we I.C.U.

Ngabala ukuthi ukusizana namaSonto ephuma kwabaMhlophe ngakuqala ko 1917 ngiseGoli. Ngasizana noRev. Mdelwa Luhlongwane ephuma eWeseli. ngiseRoodepoort.

Ngasizana noRev. G.B. Mvuyana ephuma e-American Board Mission khona ngaleyominyaka.

Ngasizana noMongameli J. Chiliza ephuma eFull Gospel Church.

Ngasizana noRev. Paul Nzuza angazi ukuthi wayephuma kuliphi isonto kodwa ngamsiza ukwakha iConstitution yeBandla le-African Gospel.

Ngangingekho ekuqaniweni kwebandla laseNazaretha lakwaShembe, kodwa ngenhlanhla ngaiwayelana nomqambi walo. Kuze kube namhlanjena kukhona okuningi engalisiza ngakho.

Leli elenu ngiyakhumbula ukuthi lathi lingakabi nayo indawo langenisa izinkonzo zalo kithina eNo. 11 Leopold Street. Sasimjwayele umfundisi Lamula ngoba nathi maI.C.U. wasinika indawo singakabinayo eyethu, kusengo Mr. Kadali noMr. Maduna.

Baningi abantu abaye banganginambithisisi ngoba bethi ngingowaliphi ihlelo. Kodwa abangibuzayo ngiye ngibatshele ngithi ngeke ngibe ngowehlelo linye ngoba umsebenzi wami ngowokusiza abantu bonke — Abakholwayo nabangakholwayo.

Uma ngizifaka kuloluhlelo ngizinkela emthethweni walelobandla ngeke avume uMongameli ukuba ngisuke ngingacelile ngiye kosiza omunye uMongameli.

Ngiye ngizimisele ukuhlala nginjena.

Njengoba uMongameli ethi mhlawumbe sobonana noMfundisi Lamula, ngithanda ukusho ngingangabazi ukuthi mina izulu ngelami ngoba anginaso isono ngiyigcina yonke imithetho elishumi ngokufundwa kwayo. Ngingajabula kekuvele umuntu ongazela isono lapha endlini.

Njengoba kade ekhuluma ngokufunyaniswa kowesifazane owayetholwe nowesilisa kungemkakhe, walethwa kuJesu, mina angisiboni isono uma umuntu ofana nami eqonywa umuntu wesifazane, bevumelana bezithokozisa, engamdlwengulile.

Okubi ukubamba umuntu ningavumelene. Okubi ukuqamba amanga njengabo abefundisi engibaziyo abadla besula imilomo.

Ngathi okukhulu kithina abantu kufanele sifunde ukusebenza, sigcine imali yokusigcina lapha emhlabeni ukuze singahawukeli izinto zabantu.

Ayikho into yomuntu engiyihawukelayo. Nalamabandla ophumo nangu uMongameli wawo uRev. Zwane angangifakazela ukuthi ngawakhulumela ekhona kwaNongoma ku-Dr. H. F. Verwoerd. Wathembisa ukuwasiza. Angibizi mali ngokusiza umuntu ehluphekile.

**A. W. G. Champion**

ILANGA
23 FEB 1974

# UMBUTHANO KAHLENGWA

# UPHELE KUKUBI

ETHEKWINI

**UMHLANGANO weRegional Authority yaseMbumbulu nesizwe sakhona obubizwe nguChief Hlengwa, umholi woMkhonto kaShaka, ukuba azophendula ngezikhalo maqondana nesikhundla sakhe sokubangusihlalo waloMaziphathe uvalwe phakathi kwemizuzu elishumi uqalile.**

Abantu abebekulomhlangano benqabile ukuba uChief Hlengwa akhulume ngesizathu sokuthi izikhalo ngaye zisaphenywa nguMnyango wezoMaziphathe neziMali kuHulumeni waKwaZulu.

Lomhlangano, obusenkantolo yesizwe sakwaMakhanya eMbumbulu ekuseni ngolwesiThathu, uphele ngomsindo omkhulu lapho abantu ababalelwa ku 200 behhahhama ngesikhathi uChief Hlengwa ebatshela ukuthi unalo igunya lokuqhubeka nokukhuluma ngenxa yesikhundla sakhe sokubangusihlalo weRegional Authority.

Kuthe uqala nje umhlangano, obunomoya oshube kakhulu, uMnuz. S.M. Dimba, oyilungu lekomidi yeRegional Authority, watshela uChief Hlengwa ukuthi akafanele ukuba ngusihlalo kulomhlangano ngoba izikhalo maqondana naye zisaphenywa.

Unele wakhuluma uMnuz. Dimba wasekelwa yiningi ebelikulomhlangano. Kuthe lapho abantu benanela uMnuz. Dimba ngomsindo uChief Hlengwa wasonga ngokuthi angase athathe izinyathelo.

Unele wakhipha lolusongo kwabakhona omkhulu umsindo.

Kubuye kwasuka omkhulu umsindo lapho uChief Hlengwa etshela umhlangano ukuthi "uzosebenzisa ilungelo lakhe njengosihlalo" ukuba aqhubeke nokukhuluma."

Kubuye kwabakhona ukushuba komoya ngesikhathi uMnuz. W. Sabelo, iKhansela eMlazi, etshela uChief Hlengwa ukuthi akukho esakhiweni somthetho weRegional Authority ukuthi usihlalo angaqhubeka nokubiza umhlangano akhulume uma kukhona izikhalo ezisaphenywa ngaye.

Ebukeka esethukuthele uChief Hlengwa ubuze uMnuz. Sabelo ukuthi ukhuluma kanjenanje ngabe uyilungu leRegional Authority yini.

Kuthe lapho umsindo sewumkhulu sekuphikiswana uChief Hlengwa wase ewuvala umhlangano.

Unele wawuvala abantu baphuma bema ngaphandle kwenkantolo yesizwe sakwaMakhanya befakana imilomo bodwa.

Lomhlangano ulandela isethembiso esenziwa nguChief Hlengwa emuva kokwemukela incwadi eyayiqukethe izikhalo ngesikhundla sakhe sokuthi uzobiza umhlangano weRegional Authority yaseMbumbulu azophendula zonke izikhalo ezazishiwo ngaye.

Ezikhalweni ezanikwa uChief Hlengwa zabuye zedluliselwa kuHulumeni

☐ Phenya ekhasini 2 ☐

## Uphele kukubi

☐ Isuka ekhasini 1 ☐

waKwa Zulu abantu baseMbumbulu bathi uChief Hlengwa abasafuni ukuba abengusihlalo weRegional Authority nokuthi iziphakamiso ezenziwa nguloMaziphathe ziphelela emoyeni.

UHulumeni waKwaZulu wanele wathola lezizikhalo ezithinta uChief Hlengwa wasenquma ukuthi kuhle uMnyango wezoMaziphathe neziMali uziphenyisise.

Esinye isikhalo esibalulekile sabantu baseMbumbulu ngoChief Hlengwa ngesokuthi usebenzisa isikhundla sakhe ukuqhuba izinjongo zeqembu lakhe, uMkhonto kaShaka.

# Sidumele bephethe kabi uDladla

ILANGA
23 FEB 1974

MHLELI,— Ngicela ungifakele lamagama ambalwa ephepheni lakho, mhlawumbe angafinyelela lapho engithanda aqondiswe khona kuMhlonishwa uMnuz. B. I. Dladla.

Ngithi Mhlonishwa ukuhlupheka kwakho emuva kokubhula umlilo wempi ebisesifundeni saseXobho, kusiphathe kabi, kakhulukazi ngoba nakhu waphatheka kabi ezandleni zabantu bomthetho obekuyilungelo nomsebenzi wabo ukubambisana nawe egameni lesizwe sakithi sonke.

Osekubukeka kabi kakhulu ukungatholi ncazelo ngalesisenzo, kodwa noma kunjalo siyabaxolisela ngoba mhlawumbe kwabakhona ukubambeka nokuphazamiseka okuthile.

Ngithi lala ngenxeba, Baba, ungaphazamiseki emsebenzini wakho omuhle owenzela thina. Akulahlwa mbeleko ngakufelwa. Ngizwakalisa ukubonga kumLungu lowo owakufikisa ePinetown. Ngithi makame njalo nalowomnumzane okugibelise waze wakwazi ukufika ePietermaritzburg. Sithi kuye, mana njalo.

UNkulunkulu anibusise, anigcine, siyanidinga. Sithi, yobe Baba.

**(Nkk. B. A. Dladla**
UMLAZI.

ILANGA
23 FEB 1974

# Ulwela mina nawe uShenge

ILANGA
23 FEB 1974

MHLELI, Ngicela ukuba nami uke ungivumele kengiphefumule kwelakho lodumo. Kunento ecasulayo abanye abantu abayaye bayenze.

Ezinsukwini ... uNdunankulu uChief Gatsha Buthelezi engakaqali ukusebenza lomsebenzi wakhe wokuba azamele abansundu ukuba nabo babe isizwe esibhekile, babengenalo igama abalibekayo emphakathini.

Ngiyanicela nina Zulu omuhle ukuba niyeke ukuba nifane nengane eyaye ibone ukuthi iyahlushwa uma kuthiwa ayiye esikoleni.

Lento eniyenzayo nifuna ukuba uZulu ahlale eyisizwe esisebumnyameni ngokuba nicasule futhi nithikameze uChief Buthelezi emsebenzini omuhle nomkhulu awenzayo. Ukuba inina ngabe kade nehluleka.

Ngineqiniso lokuthi uma uChief Buthelezi ehamba eya phesheya kwezilwandle akayiceli kumuntu imali yokuba aye khona; kodwa konke lokhu ukwenza ngoba ucabangela mina nawe nabobonke abantu.

Madoda, uma nifuna ukushaya imithetho anogcina emizini yenu, ezinganeni zenu zona ezisebenzela nina, nihlukane noChief Buthelezi.

Mina Chief Buthelezi ngithi yonke lemizamo yakho sengathi ingaphumelela. Amadlozi wonke akwaZulu sengathi angakubeka uphile uze uwufeze umsebenzi wakho. Phambili Shenge.

**Walter Dube,**
PIETERMARITZBURG.

# ASILWI NOHLENGWA SILWA NAKWENZAYO

ILANGA
23 FEB 1974

MHLELI, — Ngicela isikhala ngiphendule uMnuz. M. W. Mhlongo WaseMandeni ngenkulumo yakhe ayikhipha ephepheni lomhlaka December 1, 1973. Ngiyamangala ukuthi kusekhona umuntu onguMzulu osenemibono ephambene nehlombe ngalendlela.

UMnuz. Mhlongo uthi: "Musani ukulwa noChief Hlengwa ." Cha Mhlongo, thina Zulu oqhubekela phambili asilwi noHlengwa lowo kodwa silwa nesenzo sakhe nabangane bakhe abamnyama nabamhlophe sokuyengela uZulu ophathe ukuze kufezeke izinjongo zabo, hhayi zikaZulu wonkana.

Thina Zulu wangempela sifuna, futhi sethemba, abaholi abayizisebenzi zikaZulu abaholi abalwela inkululeko nentuthuko nobumbano lukaZulu wonkana. Labo-ke abaholi abanjengoChief Gatsha Buthelezi.

Nawe-ke Mnuz. M. W. Mhlongo uyasho ukuthi uChief Hlengwa akaziwa ukuthi waxatshaniswa yini neziphathimandla zomkhandlu kaZulu. Kusobala-ke ukuthi uyavumelana nathi uma sithi uHlengwa akamele nakancane uZulu kodwa uzishisela umbango nje osuka ekunganelisweni kobuyena.

Uma Mnuz. Mhlongo ukhuluma iqiniso ngempela uthi awukaboni okwenziwe uHulumeni wakwaZulu, ngithi hamba uyobuza ngisho ingane efunda isigaba sesithupha (Std 6) izokutshela.

Uma kungenjalo-ke musa ukukhulumela eziko inyoni kaZulu ezalela amaqanda eGolide ngoba izokwemukela.

Ungizwe kahle-ke Mnuz. Mhlongo, angilwi noChief Hlengwa neqembu lakhe kodwa ngilwa nesitha sikaZulu lesi abayisona. Phambili Zulu.

E. M. Dlungwane.
POMEROY.

ILANGA
23 FEB 1974

# Asiwona weLembe uMkhonto

MHLELI,— Ngisuswa unembeza ongidlayo mayelana neqembu loMkhonto. Kakuzwakali kahle bakithi, ezindlebeni zethu ukuba igama lombumbi wesizwe samaZulu lihlanezelwe ngalendlela.

Lomkhonto okukhulunywa ngawo uyigugu kithina. Umangabe usekhona eNdlunkulu kungaba ukuthokoza okumangalisayo kithi sonke maZulu aqotho.

Ngakho-ke mina bengicela wonke umZulu azitshele ukuthi akusiwo uMkhonto weLembe lo kodwa uMkhonto kaHlengwa, leliqembu laziwe kanjalo.

D.P. Mkhize.

KWA MASHU.

# Zakwehlula ezebhola weMhlongo

ILANGA
23 FEB 1974

MHLELI,— Ngicela isikhala kengiphendule inkulumo-mpikiswana phakathi kukaMnuz. A. M. S. Mhlongo woMkhonto kaShaka noNdunankulu wakwaZulu umNtwana wakwaPhindangene.

Ukuhlambalazwa kukaNdunankulu nguMhlongo okuvele ezinhleni zeWeekend yomhlaka February 9, 1974 empeleni bekungadingi ukuba yena uNdunankulu azihluphe ngeziyalo azibeke kuMhlongo.

Thina luntukazana cishe asikuthokozeli ukubona uNdunankulu eqophisana nomuntu ofana noMhlongo. UMnuz. Mhlongo uyazazi kwayena ukuthi uyisehluleki uma sekukhulunywa ngezombangazwe.

Zingaphezulu kwengqondo yakhe, akawazi umehluko phakathi kwezinkinga zabalimi bomoba nezinkinga ezihlupha uZulu wonke imihla namalanga. Udukelwe ngumkhonto neqiniso uMhlongo ukuthi kumele ashonephi.

UMhlongo uyaziwa kwezebhola. Zamehlula wancama manje usezama ukuqomisa abalimi bomoba ukuba balandele yena kuleliqembu loMkhonto kaShaka.

UMhlongo uvule umhlangano wabalimi bomoba eMatigulu ngokuhlambalaza uNdunankulu wakwaZulu. UMnuz. Mhlongo ufuna ukwazi ngomndeni nangesiqu sikaNdunankulu, ubuNtwana bukaNdunankulu. Akufuni yena uMhlongo futhi akuthintene nakancane nezezwe.

Ungubaba uMhlongo kimi ngobudala bakhe, kepha ngithi akayekele emadodaneni akhe uma enawo akhulume ezombangazwe ngoba cishe wona ayokwazi ukwehlukanisa izinto eziqondene nomnotho nezombangwazwe.

Uthini uChief Hlengwa ngalenkulumo kaMhlongo?

**Tony B. Chris Mahlobo.**
KWA MASHU.

# KUTHANDA UKUSIDIDA AMAKHANDA OKUKA MHLONGO

ILANGA
23 FEB 1974

MHLELI,— Kuthanda ukusidida amakhanda sonke ukuba kusuke umuntu okade ebekwe entendeni yesandla ngomsebenzi awenza ngaphambili bese kuthi yena futhi ahlambalaze, athuke nenhlamba.

Kuwena Mnuz. Mhlongo noMkhonto kaHlengwa siyathanda noma ngiyathanda mina ukukweluleka ngokuthi ipolitiki ayihlangani nomuntu ozigabisayo noma ozazi yena nozifunela ubukhulu.

Kungabhalwa imihla namalanga lapha emaphepheni kepha kubhalwe into eyodwa ngaleliqembu lenu loMkhonto.

Qaphela amagama abantu Mnuz. Mhlongo; qaphela ukuzibeka kwakho emphakathini ngoba lokho ukungazi omunye umuntu isithunzi sakhe noma ubuyena uzozithola usungundingasithebeni.

Ngethemba uzwile uma uMntwana wakwaPhindangene ekululeka ngepolitiki, ngegama lakhe, ngenhlonipho, nangokuzalwa kwakhe lapho wena uthi kaziphale isikhumba sakhe ampompe igazi laseNdlunkulu kuyena.

Ninjani nina bantu baseSouth Coast ngokuba nomona kangaka? Yiliphi lelizwe enifuna ukuba ngomongameli kulona?

Ngokusemqoka uHulumeni weNational Party wehlulekile ukuphatha umbuso noma nina boMkhonto anganifaka ngamakhanda nidlala ngesikhathi.

Kodwa uma senibheka nje kunjani ukwenza into ningenamsuka wayo lapho iqala khona, kunjalo nje ayinasihloko kuphela umona nenzondo nenhlamba?

KwaPhindangene kusebukhosini kanti nesizwe asibusayo okaShenge sikhulu kabi nezikhundla anazo ziningi kakhulu kusukela ebushifini kuya esontweni kuya ekubeni uNdunankulu.

amadoda balandeli boMkhonto, niyekele lezinhliziyo zokufisa ukuphatha umbuso ningenawo amandla nenhloso yokwengamela ngoba nje nibona niseduze namadolobha bese lokho kuninika ukuthi ningamakhosi.

Niyahlupha kodwa bantu baseBhodwe ngokungasazi isiZulu nenhlonipho.

**Eric David Mtshali,**
**MARITZBURG.**

# Uphika ubulungu beqembu elisha

ILANGA
23 FEB 1974



**ETHEKWINI.—UMnuz. Lawrence Dladla (61) waseSt. Wendolines, eMarrianhill, uyakuphika ukuthi uphethe isikhundla sokuba umkhulumeli weqembu elizibiza ngokuthi "Izwi laBantu boMdabu" elibikwe ekupheleni kwesonto.**

UMnuz. Dladla uzifikele mathupha emahhovisi eLANGA ezophika inkulumo ekhishwe abaholi baleliqembu. Enkulumweni yabo batshele ILANGA ukuthi uMnuz. Dladla uphethe isikhundla sokuba umkhulumeli (spokesman) weqembu. UMnuz. Dladla wayengekho mhla amalungu esigungu seqembu ehambela iLANGA ukuzobika ngeqembu lawo.

"Ngake ngasebenzelana noMnuz. Buthelezi ongumholi waleliqembu elisha, kodwa sasisenhlanganweni enye engisola sengathi isifile manje. Kwakungesiyo le ayibike ephepheni," kusho uMnuz. Dladla.

Uthe ngabe akakhonondi ukuba kuthiwa ungumkhulumeli kanoma ubani ohluphekayo ngoba yena ungumuntu ongathandi neze ukubona omunye ehlushwa noma ehlupheka.

"Kodwa ngithanda izwe lazi ukuthi angihlangene naleliqembu engifunde ukuthi kwenye indawo lifuna ukuphikisana noHulumeni kaChief Gatsha Buthelezi.

"Mina ngiwumuntu kaChief Buthelezi noma yinini. Inhlangano noma abantu abaphikisana naye kangizwani nabo," kusho uMnuz .Dladla.

THE CAPE TIMES
23 FEB 1974

# Buthelezi calls for self-rule

DURBAN. — Chief Gatsha Buthelezi, Chief Executive Councillor of KwaZulu, and his Government have called on the South African Government to give KwaZulu self-rule under phase II of homeland development, it was announced in Nongoma on Thursday.—Sapa.

# Rhodesia is to raise and arm a Black militia

THE CAPE TIMES

Cape Times Correspondent 23 FEB 1974

**SALISBURY.—Rhodesia is to follow the example of the Portuguese authorities in Mozambique in raising an African militia on the north-eastern border to protect the new villages now being formed.**

More than half a million tribesmen have been regrouped in protected villages *(aldeamentos)* in Mozambique. Each is guarded by well-armed and trained tribal militiamen

The same system is now to be applied in Rhodesia's terrorist-troubled north-eastern border areas.

Each protected village will have a militia force under the command of African district assistants who in turn will be under the control of the local district administration.

The Minister of Internal Affairs, Mr Lance Smith, has said there will be no wholesale handing out of weapons to tribesmen.

But he emphasized that it was impossible to expect the tribesmen to resist terrorism if they had no arms.

The militia will be armed with shotguns, and a widespread communications network will be set up, linking African villages with the security forces and administrative centres near by.

African villages under attack could call for help "by pressing a button" — modified version of the the system installed in White farming areas.

The formation of the new villages and militia will help security forces in follow-up operations after reports of terrorist activity.

Fewer villages would mean fewer populated hiding places for terrorists and would also reduce or cut them off altogether from food and shelter.

The *Rhodesia Herald* said in a leader yesterday: "The scheme will not win the war overnight. Snags will appear. Traitors will emerge. Disappointments there will be.

"But it is an imaginative counter-attack by the Ministry of Internal Affairs. And what an answer to those who say the Government cannot trust Black Rhodesians with arms."

---

# *World's future in hands of Blacks*

THE CAPE TIMES

23 FEB 1974 — CHIEF JONATHAN

Cape Times Africa Bureau

**MASERU.—In a major policy speech yesterday, the Lesotho Prime Minister, Chief Leabua Jonathan, warned Whites in every country that they were foolish if they did not realize that the future of the world lay in the hands of the Black man.**

He also promised tougher security legislation, hit out at Lesotho's "enemies" and warned churchmen not to meddle in politics.

The theme of his speech was self-reliance and Black nationalism.

Speaking in the National Assembly, Chief Jonathan said that it was a mathematical fact that Blacks were making tremendous progress in technology and science around the world. It would not be long before they first equalled the standards set by Whites, then passed them.

He accused "foreigners" of sowing seeds of confusion and discord by "divide and rule tactics" in Black African states so that they could make remarks about the standard of independence in these countries.

He said it was a pity that "enemies" of Lesotho were successfully using the country and its people against themselves.

## EZOMKHONTO

# Asiwona uMkhonto uMashu

ILANGA
23 FEB 1974

MHLELI, — Ngibongela ukungena kulonyaka ka-1974 kanye nalabo engibamele egameni leCouncil.

Ngiyadabuka ukusho ukuthi kukhona abashonile basishiya ngamaholide ka-December 1973. Ngicela umphakathi wakwaD. kanye nabobonke oBlock Chairman sibambisane nabo, njengoba umncintiswano wezigodi usuqaliwe ukwenziwa. Mhleli ngifisa ukusho ukuthi isina muva liyabukwa.

Sekunamahemuhemu amaningi athi uMashu uhambisana noMkhonto kaShaka, awumsekeli uZulu Government. Ngikusho loko ngokungenqeni njengokuthi abantu baKwa Mashu ilokhu ngisuke nabo eMkhumbane umqondo wabo ugcwele ekhanda lami.

UHulumeni kaZulu bamsekela ngokukhulu ukumethemba, kungamanga aluhlaza loku ukuthi bayamngabaza uHulumeni kaZulu.

Ngidabukile ukufunda iphepha lomhlaka 2 January ukubonga izingane ezesithole imfundo entsha kulombuso kaHulumeni kaZulu kusuka kuStd. 3.

Kusukela ngo 1964 samcela uHulumeni omhlophe lapha Kwa Mashu ukuthi singeniswe kwiBantu Homeland.

Usihlalo weCouncil usethintene nehhovisi leZulu Government. IMinister izobalapha Kwa Mashu.

M. W. Mhlongo.
KWA MASHU.

ILANGA
23 FEB 1974

# UZIBUSE UYINTO ENGEKHO

MHLELI,— Ake ngiphonse owami umbono mayelana nozibuse lona okuthiwa ukhona. Lento enguzibuse ayikho. Into okuthiwa yinkululeko ayikho, futhi ayisoze yabakhona uma kusaqhutshwa ngalento eyenziwa nguVorster uNdunankulu weSouth Afrca.

Ziningi izinto esengizibonile zenzeka ngaye. Akafuni umuntu omnyama abenezwi alikhulumayo lapha eR.S.A. Uma kukhona umuntu onobuchopho obukhaliphile ekuxazululeni izinkinga zakuleli uyambopha amthulise. Lento iyangidabukisa mina kakhulu.

Awubheke nje ngoMnuz. Ben Khoapa asembophile ngoba ekwazi ukukhuluma noMfu. Hamilton Qambela amthulisile engazange azikhulumele. Leyonto ngabe ikhomba yona inkululeko?

Noma yilo ubandlululo lokuthi umnyama uyabona thina esimnyama sabalapha eR.S.A. asisoze siyithole inkululeko. Qiniso.

Sihlushwa ngamapasi endaweni okuthiwa ngeyethu, empeleni emizini yethu kodwa uzothola amazwe angaphandle kweRS.A. awusoze uthole abantu bakhona befunwa amapasi, futhi uma umuntu wakhona esuka kwelinye idolobha eyosebenza kwelinye akushiwo ukuthi landa imvume yasekhaya.

Lento ngiyifanisa nesengike ngayibona lapha eGermiston.

Uthola abantu beqashwa emafemini beze nezincwadi eBantu Registration, bafike khona labo abaphethe bazidabule bathi awukaze usebenze lapha, kumbe uma wake wasebenza ezimayini zakhona bathi ipasi lakho lithi wosebenza ezimayini hhayi kwenye indawo. Uthi uyakhuluma baphose ukukudla nezibi.

Lento bayenza ngoba ungumuntu, ungeke usho nokunci ngani ngoba uma uthi uyakhuluma bazokuhloma ejele. Impela umuntu uyacabange ukuthi ngabe kungcono ukuba akasiye umuntu wakuleli ngendaba yokubandlululwa lapha.

Johannes Nene.
JOHANNESBURG.